**CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS**

**Cambridge International General Certificate of Secondary Education**

# MARK SCHEME for the October/November 2015 series

# 0531 ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

**0531/02** Paper 2 (Reading and Writing), maximum raw mark 70

This mark scheme is published as an aid to teachers and candidates, to indicate the requirements of the examination. It shows the basis on which Examiners were instructed to award marks. It does not indicate the details of the discussions that took place at an Examiners' meeting before marking began, which would have considered the acceptability of alternative answers.

Mark schemes should be read in conjunction with the question paper and the Principal Examiner Report for Teachers.

Cambridge will not enter into discussions about these mark schemes.

Cambridge is publishing the mark schemes for the October/November 2015 series for most Cambridge IGCSE®, Cambridge International A and AS Level components and some Cambridge O Level components.

® IGCSE is the registered trademark of Cambridge International Examinations.

CAMBRIDGE
International Examinations

PAPA CAMBRIDGE

**Umsebenzi 1, imibuzo 1–6**

**1** Akusilo (false) [1]

**2** Iqiniso (true) [1]

**3** Akusilo (false) [1]

**4** Akusilo (false) [1]

**5** Iqiniso (true) [1]

**6** Akusilo (false) [1]

**[Total: 6]**

**Umsebenzi 2, imibuzo 7–11**

**7** A [1]

**8** B [1]

**9** A [1]

**10** D [1]

**11** C [1]

**[Total: 5]**

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

**NOTES ON INTERVIEW WITH MAMA RAJA**

Advantages of asking guests to bring food**:**
**(i)** saves money
**(ii)** variety [of dishes] [1]

Plan ahead by:
**1** choosing some readymade food items (e.g. Christmas cake)
**2** writing down ingredients [1]

Type of vegetables recommended: fresh [vegetables]. Reject: frozen [vegetables] [1]

Where to find out about quick and easy ways of cooking meat:
her/Mama Raja's new recipe book. Reject: 'recipe book' or 'my new recipe book' [1]

Tips for buying food (other than meat and vegatbles):
**1** work out number of guests
**2** compare prices
**3** shop on your own [1]
**4** start buying/getting your items/food/supplies well/long before Christmas/before shops start putting up their prices [1]

What to do with leftover meat: make a curry. Reject: make soup [1]

Tips for affordable but high-quality drinks
**1** Make fruit juice
**2** Get red and white wine
**3** get drinks that are made in South Africa/locally [1]
**4** Remember to ask your guests to bring dinks

**[Total: 8]**

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

**Umsebenzi 4, imibuzo 13–20**

**13** It has a greater influence on them than their parents and school have. [1]

**14** He spent more time together socialising face-to-face. [1]
Reject: social media didn't exist when he was young/he didn't spend any time using social media.

**15** People in a doctor's waiting room looking at their phones [instead of interacting with one another]. [1]

**16** People using their cell phone while walking on the street. [1]

**17** **(a)** It helps them to gain knowledge/as a source of knowledge. [1]

**(b)** information on the history of South Africa [1]

**18** **(i)** bad behaviour is depicted as being cool/clever thing to do. [1]

**(ii)** it [nearly always] shows men and women with slender bodies [as representing beauty] / young people to starve themselves in the quest of becoming as beautiful as those shown on television [1]

**19** It makes children want expensive things their parents can't afford. [1]

**20** help their children choose media sources [1]
encourage their children to play sport [1]

**[Total: 11]**

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

***Transcript***

**Umsebenzi 1, imibuzo 1–6**

***Izwi lowesifazane:***

Lalela inkulumo eyethulwa nguMnumzane Gumede emayelana nokuhlelela uhambo ngamaholide. Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **singamanga.**
Uzoyizwa kabili le nkulumo.
Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

**<u>Pause 01’00”</u>**

***<u>Signal: bell</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Sawubona, igama lami nginguMnumzane Gumede futhi ngisebenzela uMnyango Wezokuvakasha. Njengalokhu bonke abazali bazi, ukukhipha umndeni uye eholidini kungabiza kakhulu. Ngiyakholelwa kakhulu ukuthi ungaya eholidini, noma ungenayo imali eningi, kodwa ukwakha uhlaka lwezindleko kuyinto ebalulekile kuwo wonke umuntu, koyisicebi nakulowo ohluphekayo. Nanka amanye amasu engikholelwa ukuthi angenza iholide lakho ulijabulele, ngaphezu kwalokho, ukwazi nokulikhokhela futhi.
Gwema ukubekisa indawo yohambo lwakho ngomzuzu wokugcina ngoba amanani okuhamba kanye nendawo yokulala akhuphuka masinyane, uma sekusondele usuku ofuna ukuhamba ngalo. Ukubekisa indawo ngomzuzu wokugcina, kungashibha futhi kube ngcono uma ungenayo indawo eqondile ofuna ukuya kuyo futhi ungenandaba ukuthi uzoya nini.
Maqondana nohambo, hlala njalo unomqondo ovulekile. Awudingi ukuhama ngebhanoyi njalo. Izikebhe nezitimela kungaba ngezinye izindlela zokuhamba ezingasetshenziswa. Okuhle ngokuhamba ngesikebhe sokungcebeleka, ngukuthi ungakwazi ukuvakashela izindawo eziningi ezahlukene futhi usale lapho ufuna ukuya khona. Ungafuna ukusebenzisa icredit card lakho ukubekisa uhambo lwakho. Nami ngakusebenzisa lokhu eminyakeni emibili edlule futhi kwathi uma inkampani yezindiza ethile iwa ngenxa yokuswela imali, ngafuna ukubuyiselwa imali yami ukuze ngibekise indawo kwenye inkampani yezindiza.

**<u>Pause 00’10”</u>**

Okunye okubalulekile ukukuhlelela yindawo yokulala. Yenza isiqiniseko sokuthi ihotela lakho liseduze nezindawo zamagugu ofuna ukuzivakashela ngoba lokhu kungakwehlisela izindleko. Thola ulwazi ngezinto zokuhamba zomphakathi ezisendaweni futhi ukugweme ukusebenzisa imoto eqashiwe ngoba iyabiza kakhulu. Okokugcina, kungumqondo omuhle ukuhamba ngamaqembu, njengokuhamba neminye imindeni nabangani ngoba lokhu kungehlisa izindleko. Ukukhokha kakhulu ngamahotela abizayo kungumosha, ngokucabanga kwami. Uzolala kuwona kuphela kodwa uzochitha isikhathi sakho esiningi emini ngaphandle ubuka izindawo.
Uma uya eholidini nabantwana, beka iminyaka yabo engqondweni. Uma unabantwana abancane, kubalulekile ukuba ungahleli izinto eziningi ozozenza nokuhamba kakhulu ngoba bazosheshe bakhathale baqale ukuhlupha. Uma kungabantwana abadala, kuzodingeka uhlele izinto okwenziwayo.
Okunye, khumbula ukuhlelela izindleko zokuthenga okungamagugu nezipho komndeni nabangani bakho. Abantu bavame ukukhohlwa ukuhlelela lezi zindleko bagcine sebechithe imali eningi kakhulu.**

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

**Umsebenzi 2, imibuzo 7–11**

***Izwi lowesifazane:***

Lalela ingxoxo noMinenhle Dlamini oyintatheli yezemidlalo noSithembiso Kubheka, ongumsakazi. Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni kwempendulo okuyiyona yona, A,B,C no D.
Uzoyizwa kabili le ngxoxo.
Uzonikwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**Pause 01'00"**

***Signal: bell**

***Izwi lowesilisa:***

Sawubona dadewethu, Minenhle. Ngiyakwamukela esitudiyo.

***Izwi lowesifazane:***

Sawubona Sithembiso. Kuyintokozo ukuba lapha.

***Izwi lowesilisa:***

Abalaleli bethu abaningi bajwayele ukukuzwa uphawula ngezemidlalo emsakazweni. Kwakunzima usaqala?

***Izwi lowesifazane:***

Kuba lula uma wazi ofuna ukukwenza usemncane ngeminyaka. Angisiye umuntu owayefuna ukuba ngumdlali webhola okhokhelwayo bese ngigcina sengimemezela ngezemidlalo njengomsebenzi wami wesibili. Emva kokuqeda isikole, Ngaqonda ngqo enyuvesi ngayofundela ukuba yintatheli yezemidlalo. Onyakeni wami wokugcina ngaxhumana nomsakazo wasendaweni ngabuza ngamathuba okuba yintatheli yezemidlalo. Intatheli yabo yezemidlalo ababesebenza nayo, yayisithole omunye umsebenzi ngase nginikwa ithuba lokulekelela. Ngangingakhokhelwa ngalo msebenzi kodwa ngangiwuthanda. Kusukela lapho ngaya emsakazweni oseGoli ngenza umsebenzi wami wokuqala okhokhelwayo ngagcina sengisebenza emsakazweni kazwelonke.

***Izwi lowesilisa:***

Ucabanga ukuthi yikuphi okwenza umuntu abe yintatheli yebhola enhle?

***Izwi lowesifazane:***

Ukuba nephimbo elihle elinkenteza kamnandi, umqondo ophapheme, ulwazimagama olufanelekile nolwazi lohlelo lolimi – ngiyafunda ngaso sonke isikhathi. Abanye abantu bangathi kudingeka ube nothando lwezemidlalo kodwa lokho akwanele.

***Izwi lowesilisa:***

Ngakube kumele wenze uphenyo oluningi?

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

***Izwi lowesifazane:***

Kuya ngokuthi ngubani odlalayo. Uma kungamaqembu amabili engingawazisisi kahle, ngiyochitha amahora amaningi ngibuka amaDVDs emidlalo yawo ngiphinde ngifunde namaqiniso athile ngabadlali beqembu ngalinye. Uma kuyimidlalo yamaqembu aziwayo njengeKaiser Chiefs ne-Orlando Pirates, kuba ukuzikhumbuza masinyane ngolwazi engivele nginalo ngawo. Njengami, izintatheli eziningi zemidlalo ziyaphenyisisa zifuna ukuba nalo lonke ulwazi ngaphambi komdlalo.

**Pause 00’10”**

***Izwi lowesilisa:***

Phawula kancane ngezinye zezinkinga obhekana nazo?

***Izwi lowesifazane:***

Abantu abaningi banalo mqondo ongesilo iqiniso wokuthi ukuba yintatheli yezemidlalo kulula! Kumele uphawule ngakho konke okwenzekayo ngoba abalaleli emakhaya abakwazi ukubona okwenzekayo. Ungakhuluma kalula futhi ngezwi eliphezulu phakathi enkundleni yezemidlalo enomsindo futhi kumele ugqoke amaheadphones anezikhulisazwi ezakhelwe kuwo. Kusukela ekuqaleni, umqondisi ukhuluma nawe ngqo ngesikhathi uphawula ngokuzokwenzeka maduze.

***Izwi lowesilisa:***

Yikuphi ofuna ukukwenza esikhathini esizayo?

***Izwi lowesifazane:***

Ngingathanda ukuba yintatheli yezemidlalo emncinitswaneni olandelayo weWorld Indigenous Games lapho abantu beqhudelana ngezemidlalo edlalwa yizinhlanga ezahlukene ezivela emhlabeni wonke.

***Izwi lowesilisa:***

Imidlalo yamaZulu nayo ibaliwe?

***Izwi lowesifazane:***

Yebo, impela. Ukungcweka ngezinduku nokudlala amagende nakho kukhona.

***Izwi lowesilisa:***

Kuhle kakhulu. Umbuzo wokugcina: Kunzima kangakanani ukuphawula ngokungachemi uma kudlala iqembu lakho olithandayo?

***Izwi lowesifazane:***

Eqinisweni akunzima nakancane nje. Ngeke futhi ngikutshele ukuthi yiliphi iqembu engilithandayo kakhulu.

***Izwi lowesilisa:***

Ha ha! Ngiyabonga ngokwabelana nathi ulwazi lwakho.

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

***Izwi lowesilisa:***

Lalela inkulumo eyethulwa nguMama Raja umphathi wesikole sokufundela ukupheka lapho enikeza amasu ngezidlo zikaKhisimusi ezizoyizayo.
Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu.**
Uzoyizwa kabili le nkulumo.
Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

**<u>Pause 01'00"</u>**

**<u>* Signal: Bell</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Sawubona mama Raja. Kuyintokozo kakhulu kithina ukuba sithole ithuba lokuxoxa nawe.

***Izwi lowesifazane:***

Ngiyabonga Mnumzane Sokhela ukungipha leli thuba.

***Izwi lowesilisa:***

Maduzane sekuzoba nguKhisimusi futhi nginesiqiniseko sokuthi abalaleli bangathanda ukuzwa ubanika izeluleko ezingabasiza ukulungiselela lolu suku.

***Izwi lowesifazane:***

Kubalulekile ukuba ukuqinisekisa ukuthi unakho konke okudingayo, ngaphandle kokukhokha imali eningi.

***Izwi lowesilisa:***

Qhubeka Mama Raja. Silalele.

***Izwi lowesifazane:***

Ungamema abantu abaningana impela kodwa uma ukwenza, ngincoma ukuba ubacele ukuba nabo baphathe ukudla neziphuzo.

***Izwi lowesilisa:***

Umbono wokuthi abamenyiwe nabo baphathe ukudla ngiyawuthanda.

***Izwi lowesifazane:***

Kunjalo mfowethu, lokhu kusiza kakhulu ngoba kwehlisa izindleko futhi kunika wonke umuntu ithuba lokuzama izidlo ezahlukene. Lokhu akuchazi ukuthi akumele ulungise lutho oluzodliwa yizivakashi zakho. Ngincoma ukuthi ukhethe izidlo esezilungile njengeKhekhe likaKhisimusi namamince pies. Uma sewukhethile isidlo esikhulu ofuna ukusilungisa, bhala phansi izithako ozidingayo. Lokhu kuzokonga isikhathi nemali esitolo.

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

***Izwi lowesilisa:***

Ngizwa kahle, umuntu ufunda izinto ezintsha namuhla, kumnandi impela!

***Izwi lowesifazane:***

Thenga imifino emisha bese uyilungisa ngendlela oyifunayo. Imifino eseziqandisini ibiza ngokuphindiwe ngentengo. Khuluma nabadayisi benyama ubatshele okufunayo. Bangakunika izeluleko ngezinhlobo zenyama emnandi futhi eshibhile, njengenyama yesisu sengulube. Bheka ebhukwini lami lerecipe izindlela ezisheshayo, ezilula zokupheka inyama.

**Pause 00'10"**

***Izwi lowesilisa:***

Kwenzekani uma ufuna ukuthenga okunye ukudla ngaphandle kwenyama?

***Izwi lowesifazane:***

Ngaphambi kokuyothenga, bhala uhla lwabavakashi obamemile ukuze ubeke etafuleni ukudla okuzodliwa kuqedwe kungagcini sekulahlwa. Hamba uye ezitolo ezahlukene uqhathanise intengo yokudla. Futhi ngincoma ukuthi uyothenga uhamba wedwa ukuze ugweme ukuthenga nezinto abazifunayo kodwa ezingenasidingo. Okokugcina, qaphela ukuthi intengo yezinto ofuna ukuzithenga intengo yazo inganyuka uma sekusondele uKhisimusi. Yingakho-ke kungumqondo omuhle ukuqala ukuthenga izinto ozidingayo izitolo zingakenyusi amanani azo okudla.

***Izwi lowesilisa:***

Kukhona ongasitshela khona ngokumele kwenziwe ekudleni okusalile?

***Izwi lowesifazane:***

Qikelela ukuqoqa konke ukudla okusele ukuze wakhe isidlo esisha. Ungenza isobho lemifino noma wenze ucurry omnandi ngenyama eselalile. Ngaleyo ndlela, akukho ukudla okuzolahlwa.

***Izwi lowesilisa:***

Ungaqinisekisa kanjani ukuthi iziphuzo zakho zibiza kahle kodwa zibe sezingeni elamukelekile?

***Izwi lowesifazane:***

Asikho isidingo sokuchitha imali eningi ngeziphuzo. Okokuqala, ngingancoma ukuthi wenze ijusi. Okwesibili, uma kuza emawayinini, qaphela ukuthi uthola iwayini elibovu nelimhlophe. Okwesithathu, thenga iziphuzo ezakhiwe eNingizimu Afrika – awudingi ukuthenga amawayini akwamanye amazwe nobhiya obizayo. Okokugcina, khumbula ukubuza izivakashi zakho ukuthi nazo ziziphathele iziphuzo.

***Izwi lowesilisa:***

Siyabonga kakhulu Mama Raja ngolwazi olubaluleke kangaka.

***Izwi lowesifazane:***

Bekuyintokozo nakimi ukwabelana nani ngalolu lwazi.**

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

**Umsebenzi 4, imibuzo 13–20**

***Izwi lowesilisa:***

Lalela le ingxoxo noSolwazi Mkhize weNyuvesi yaKwaZulu-Natal emayelana nentsha nezokuxhumana, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.
Uzoyizwa kabili le ngxoxo.
Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**<u>Pause 01’30’’</u>**

**<u>*Signal: bell</u>**

***Izwi lowesifazane:***

Siyakwamukela esitudiyo sethu Solwazi Mkhize.

***Izwi lowesilisa:***

Ngiyakubingelela msakazi kanye nabalaleli emakhaya.

***Izwi lowesifazane:***

Ngakube ezokuxhumana zinamthelela muni kubantu abasha, Solwazi?

***Izwi lowesilisa:***

Ngiyakholelwa ekuthini zinomthelela omkhulu kubantu abasha ngaphezu kwabazali kanye nesikole. Ngikhuluma ngezinto ezifana nemisakazo, umabonakude, yi-inthanethi namaphaphabhuku kuhlanganisa nomakhalekhukhwini.

***Izwi lowesifazane:***

Kungani ucabanga kanjalo, Solwazi?

***Izwi lowesilisa:***

Kuliqiniso ukuthi abantu abasha besikhathi samanje abasakwazi ukudlala bachithe isikhathi ndawonye njengoba kwakwenzeka kithi sisakhula. Uma engadlalanga esikoleni usenkingeni ngempela lowo mntwana. Manje ubathola behleli bephethe omakhalekhukhwini bexoxa ezinkundleni zokuxhumana ezinjengo Twitter, Facebook, BBM, Skype, Mixit kanye nokunye okuningi. Esikhundleni sokwakha ubungani nabanye kudlalwa, kwenziwa izinto ndawonye bancamela ukuthola abangani kulezi zinkundla.

***Izwi lowesifazane:***

Solwazi kubi ngani pho lokhu na?

***Izwi lowesilisa:***

Abantu abasha esikhathini samanje abasachithi isikhathi esiningi bexoxa ubuso nobuso uma uqhathanisa nangesikhathi ngisakhula mina. Uyazi abantu abasha bakhuthele kakhulu komakhalekhukhwini babo, baxoxa ezinkundleni zokuxhumana ezinjengeTwitter neFacebook, kunokuba babe nezingxoxo ezijwayelekile futhi benze izinto ngokuhlanganyela.

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

***Izwi lowesifazane:***

Kungani lesi simo sikhathaza kangaka?

***Izwi lowesilisa:***

Sikhanda isizwe esingakwazi ukwakha ubudlelwane, isizwe esichitha isikhathi sisodwa. Uzothola abantu besezindlini zikadokotela belindile bebheke omakhalekhukhwini babo, kodwa ngeke ubabone bexoxa kamnandi, bebuzana nempilo. Uzothola wonke umuntu lapho ebhizi ebambe umakhalekhukhwini wakhe exoxa nabantu abangabonakali esikhundleni sokuxoxa nabantu abakhona endlini nabo. Bakwenza lokhu ngisho besezitalatidini, okubeka impilo yabo engozini yokushayiswa yizimoto begqolozele omakhalekhukhwini.

***Izwi lowesifazane:***

Ucabanga ukuthi ezokuxhumana ziyinto embi sampela mpela kubantu abasha, Solwazi?

***Izwi lowesilisa:***

Akunjalo, ngiyaphika. Abantu abasha bancike kakhulu kwezokuxhumana ukuze bathole ulwazi. Izinto ezifana nolwazi ngezomlando waseNingizimu Afrika.

**<u>Pause 00’10”</u>**

***Izwi lowesifazane:***

Umabonakude wona uyinthinta kanjani impelo yomuntu omusha?

***Izwi lowesilisa:***

Umabonakude unomthelela esimilweni esingesihle somuntu omusha ngoba kunezinto ezivezwa zizinhle futhi kube sengathi uhlakaniphile uma uzenza. Okunye futhi umabonakude uveza abesifazane nabesilisa abanemizimba emincane njengento echaza ubuhle, okukhuthaza ukuthi abantu abasha bazilambise befuna ukuba bahle nabo njengalabo abavezwa kumabonakude.

***Izwi lowesifazane:***

Ngifundile kweminye yemibhalo yakho eveza ukukhathazeka kwakho mayelana nomthelela olethwa ngezokuxhumana ebudlelwaneni obuphakathi kwabantwana nabazali.

***Izwi lowesilisa:***

Yebo, ngicabanga ukuthi lokhu kuyinkinga engasiphunyuka esandleni uma singenzi lutho masinyane. Okunye okugqamile kokungikhathazayo yilokhu kokukhangisa okuqondene nabantu abasha. Izimpahla eziningi ziyabiza kakhulu. Abantwana abaningi bagcina befuna ukuthengelwa lezi zinto abazali bengenawo amandla okubathengela zona. Lokhu kudala okukhulu ukungezwani. Ngisola kakhulu abakhangisi. Impela ngiyabasola.

***Izwi lowesifazane***

Kungenziwani ukuvimbela abantu abasha bangazitholi bebhekene nenkinga?

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE

***Izwi lowesilisa***

Angithandi ukuzwakala kabi- umabonakude ungaba yinto enhle yokulekelela ukufunda kanjalo namaphephandaba alusizo oluphawulekayo. Kodwa iqhaza elikhulu kukho konke lokhu lingabanjwa ngabazali. Kumele basize abantwana babo ekukhetheni ezokuxhumana nemithombo efanelekile abangakusebenzisa. Okunye kumele bakwenze, ukukhuthaza abantwana babo ukuba babambe iqhaza kwezemidlalo.

***Izwi lowesifazane***

Ngiyabonga kakhulu Solwazi. Ngineqiniso lokuthi abalaleli emakhaya bafunde lukhulu kulokhu.

***Izwi lowesilisa***

Yimina okumele ngibonge.**

**<u>Pause 00’05”</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

**<u>Repeat from * to **</u>**

**<u>Pause 00’30’’</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Kuphela lapha ukuhlolwa.

This is the end of the examination.

© Cambridge International Examinations 2015

PAPA CAMBRIDGE